**Abakhokhintela bayacelwa ukuba benze izinkokhelo zabo zentela kwaSARS kuleli sonto**

Njengoba unyakamali wokuqoqwa kwentela usondela emaphethelweni kuleli sonto, uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) uqagule inyanga kaNdasa njengenyanga eseqhulwini yabakhokhintela nabahwebi yokuba benze izinkokhelo zabo zentela nezokulawulwa kwempahla emngceleni kanye nezikweletu zabo zentela nezimali zokulawulwa kwempahla emngceleni ngosuku noma ngaphambi kosuku lokugcina lokusebenza lwale nyanga, okunguLwesine, mhla zingama-28 kuNdasa 2024.

**Izindlela zokukhokha**
Izinkokhelo zentela zingenziwa ebhange ngokusebenzisa uhlelo lokudlulisa imali nge-inthanethi (i-EFT), ngokusebenzisa i-eFiling noma i-SARS MobiApp kanti izinkokhelo zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni nazo zingenziwa kunoma yiliphi iHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lakwaSARS. Kubalulekile ukuthi abakhokhintela nabahwebi benze amathransekushini ezinkokhelo ngamahora okusebenza ukuze amabhange abo ezogunyaza ukukhishwa kwaleyo nkokhelo iye kwaSARS - okuyisinyathelo esidingekayo lapho inkokhelo yenziwa kusetshenziswa i-eFiling kanye ne-MobiApp. Ukuthola ukuthi yimalini okumele uyikhokhe ungacela isitatimende se-akhawunti ku-eFiling noma kuSARS MobiApp noma ngokuthumela i-SMS kwaSARS ku-47277.

#MarchPriorityMonth #YourTaxMatters

Ikhishwe: uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika

Imibuzo: sarsmedia@sars.gov.za